**ISITATIMENDE SABEZINDABA NGOKUDLIWA KWEMPAHLA KAROY MULEYA**

**Tshwane, 29 kuMfumfu 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luyasemukela isinqumo esikhishwe mhla zingama-29 kuMfumfu 2025 yiNkantolo Ephakeme yaseNingizimu Afrika, eNyakatho yeGauteng (inombolo yecala 48495/2020). Lesi sinqumo size emva kwesicelo esalethwa uSARS sokuba uMnu Roy Muleya adlelwe impahla.

UMnu Muleya watholakala engomunye wababambiqhaza ohlelweni olobandakanyeka ekungeniseni ugwayi okwenziwa yizikhungo okungabonakali ukuxhumana kwazo nabakhiqizi bagwayi ababhalisiwe.

UMnu Muleya wanikwa isaziso ngokwesigaba 103 eMthethweni Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni mayelana nenkampani enesikweletusibopho esingu- ±R155 *million*. Nguye ongumqondisi eyedwa wenkampani.

KuMandulo 2021, uSARS ufake isicelo sokudliwa kwempahla kaMnu Meleya ngokwesigaba 177 soMthetho Wokuphathwa Kwentela.

Isicelo salalelwa mhla zingama-24 kuNhlaba 2023, kanti isinqumo sakhishwa mhla zingama-29 kuMfumfu 2025, esivuna ukudliwa kwempahla kaMnu Muleya okwesikhashana.

Le mpumelelo ikhomba isu elihlosiwe elamukelwe uSARS lokubhekana ngokunamandla nalabo abakhethe ukusebenza ngaphandle komthetho. USARS ufuna njalo ukuhlinzeka abakhokhintela ngengcaciso nesiqinisekiso ukuze bezokwazi ukuthi yiziphi izibophezelo zabo ngokomthetho. Lokhu kuhambisana nokuhlinzeka ngezithangami zedijithali, okwenza ukuhlangabezana nezibophezelo zabo kube lula. Lapho abakhokhintela beqoka ukungazishayindiva izibophezelo zabo ngokwenza okungekho emthethweni, uSARS uzokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo. Yonke le mizamo yenzelwa ukugqugquzela umkhuba wokuthobela ngokuzithandela. Lokhu kwenzelwa ukuqinisekisa ukuthi bonke abakhokhintela bayahlangabezana nezibophezelo zabo ngendlela elinganayo, ngaphandle kokuthwesa umthwala

abakhokhintela abathobelayo ngomthwalo ongalingani nowabanye wokukhokha izintelo.

Ephawula ngalolu daba, uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe: "USARS uzobalandelela ngokungakhathali bonke labo abangawushayindiva umthetho ngokufuna ukuwubalekela. INingizimu Afrika ibhekene nokwanda kukagwayi nosikilidi okungekho emthethweni, kanti nesenzo sikaMnu Muleya siyayibhebhethekisa le nselelo. Ukuletha ugwayi ngendlela engemthetho ezweni kusongela ezempilo zababhemayo kuphinde kubukele phansi isikhwama sezimali zombuso sikazwelonke ngokugodla izintela ekulawulweni kwempahla emngceleni. USARS uzoqhubeka nokulandela umthetho nokunquma ngalabo abafuna ukugwema noma ukunganaki izibophezelo zabo zentela. Umyalezo esifuna ukuwudlulisa ukuthi noma ngabe kuthatha isikhathi esingakanani, uSARS angeke uyeke ukwenza umsebenzi wawo wokuphoqelela umthetho. Lokhu sizokwenza ngokuzibophezela nangaphandle kokubandlulula, ukwesaba noma ukuchema. Ngokuba sonke siyalingana phambi komthetho".

UKhomishana uphinde wanxusa kwababhemayo ethi "Yize ukubhema kuyisinqumo senu, ngiyaniyalela ukuba niyeke ukweseka ukukhiqizwa nokudayiswa kwemikhiqizo kagwayi engekho emthethweni. Uphethe ngokuthi, "Ngokwenza kanjalo, uyathinteka ebugebengwini ube ungaqondile".

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne: SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA